# Izeluleko kwabakwaRainbow

Isolezwe 30 January 2017 - Pg 08

**PHILI MJOLI**

ABASEBENZI abangaphezulu kuka-1 300 bakwaRainbow esiyaziwa ngeRCL abazogcina emsebenzini kusasa balulekwe ngezindlela abangaziphilisa ngazo uma sebediliziwe.

Izolo, iCosatu, Fawu, uMnyango wezabaSebenzi, owokuThuthukiswa koMnotho, owezoLimo nabaqashi bebehlangene eHammarsdale bezocebisa abasebenzi ngezindlela abangaziphilisa ngazo.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ubuzochaza ngezinhlelo onazo zokusiza abafuna ukuqala amabhizinisi nezindlela zokuthola uxhaso kulo mnyango.

OwezabaSebenzi ubuzobasiza ngokugcwalisa amafomu e-UIF kulabo abazophelelwa umsebenzi nokuzochaza ukuthi abasebenzi bazohlomula kanjani ngokuchitshiyelwa komthetho we-UIF.

UMnuz Khayelihle Nkwanyana okhulumela uMnyango wezoLimo uthe uNgqongqoshe walo mnyango uMnuz Themba Mthembu ubezolalela ukuthi abasebenzi bathini bese eyokwethula umbiko ethimbeni elihlanganiswe uMnyango wezeziMboni nokuHweba elibhekene nalolu daba.

UMnuz Edwin Mkhize weCosatu uthe lomhlangano ubuyingxenye yomkhankaso wabo wokulalela izikhalo zabasebenzi kulesi sifundazwe ababewethula kuyo le ndawo izolo. Lokhu uthe bakwenze ngoba inabasebenzi abaningi abasembonini yokukhiqizwa kwenyama yenkukhu esenkingeni yokudiliza abasebenzi.

"ICosatu ayinayo inyunyana engaphansi kwayo kulo mkhakha kodwa thina lo mkhankaso wokulalela abasebenzi asiwenzeli abangaphansi kwenyunyana yethu kuphela sisuke siwenzela ukuthi abasebenzi bazuze," kusho uMkhize.

UNgqongqoshe wezoHwebo neziMboni, uMnuz Rob Davis, ekhuluma nabezindaba kuleli sonto ngesikhathi ephuma ohambweni lwakhe iSA-UK Brexit uthe kunethimba elisungulwe umnyango wakhe elihlanganisa iminyango eyehlukene kahulumeni elicubungula lolu daba.

"Sifuna ukuthi umkhakha wokukhiqizwa kwenkukhu uqale phansi ungenise imali futhi kube nabakhiqizi abaningi abamnyama," kusho yena

Uthe ngesikhathi evakashele e-UK ubeyokhuluma nabatshali zimali ngendaba yenyama yenkukhu elahlwa kuleli kodwa lolo daba belungekho ohlwini lwezinto ebebekhuluma ngazo.

Uthe bekukhulunywa ngezivumelwano zokudayiselana nangentela ekhokhwa ngabadayisela leli izimpahla.

074 137 4005/ 078 638 7229